
Endaweni ekude epulazini, kwakuhlala ichwane lenkukhu elalingajwayelekile. Lalihlukile kuwo onke amachwane.

Kunokuthi izimpaphezalo ziluleke zikhazimule,  ezalo zazifiphele zimadlakadlaka. Lalinentamo engenazo izimpaphe, imilenze yalo yayinezimpaphe.





Igama lalechwane kwakunguNomadlakadlaka, libizwa ngezimpaphezalo ezimadlakadlaka. Amanye amachwane ayebizwa ngemibala yawo. UNomadlakadlaka wayelithanda igama lakhe ngobalalihlukile, kumenza azizwe akhethekile.

Amanye amachwane ayengafuni ukudlala noNomadlakadlaka.

“Zimbi izimpaphe zakho, ngisho nekamo angeke lizelule!”

“Singadlali naye, Nginesiqiniseko sokuthi uyanuka futhi unamazeze!” kusho uMhloshana, onezimpaphe ezimhloshana, futhi namanye amachwane ayamthanda. Athanda ukumlandela sengathi uyabahola.





Wayenesizungu kakhulu uNomadlakadlaka ngobawayehlala nomama wakhe kuphela.

Umama wayemkhuthaza ukuthi adlale nabanye ukuze bamejwayele. Lokhu kwakunzima kuNomadlakadlaka ngoba amachwane ayebaleka uma esondzela kuwo

Ngelinye ilanga uNomadlakadlaka wayezidlalela yedwa ngokujwayelekile,  kwafika kuye elinye ichwane elalinomibala ongajwayelekile. Wayeqala ukulibona.

“Zinhle izimpaphe zakho. Ubizwani lombala?” UNomadlakadlaka wabuza.

“Ngiyabonga! Umama uthi ngiyichwane lothingo lwenkosazana, ngalemibala eminingi. Negama lami nguThingo ,” kusho ichwane ngokumamatheka.

“Hawu, ngempela!” kubuza uNomadlakadlaka ehleka kancane. “Igama lami nginguNomadlakadlaka. Ngibizwa ngezimpaphe zami ezimadlakadlaka.” Bahleka bobabili.





“Ngingazithinta izimpaphe zakho ngizizwe?” kubuza uThingo. UNomadlakadlaka wanikina ikhanda, wavumela uThingoukuthi ezwe izimpaphe zakhe. Uthingo akazange akholwe akuzwayo! Izimpaphe zikaNomadlakadlaka zazithambile njengezakhe, futhi zazinganuki njengobawayezwile.

Kusukela ngalolo suku, laba ababili babengasahlukani. Kwakuqala empilweni yakhe, uNomadlakadlaka ukuba nomngani . Kwamjabulisa lokho.



Amanye amachwane ababheka ngomona uma bedlala, bexoshana, bezingela imisundu nokunye ukudla, behleka kakhulu. Ayemangele ngalobu bungani.

Ngelinye ilanga uma uNomadlakadlaka noThingo besadlala esigangeni, uNohele ononya waphaphela duzane nalapho lamachwane amabili edlala khona. Wasondela eduze kakhulu,ephaphela phezu kwawo. UThingo wayethuke kakhulu. UNomadlakadlaka watshela umngane wakhe ukuthi akakhululeke ngoba yena akamesabi kuNohele ononya.



Unohele wavula izidladla zakhe ezinde, ezingcolile, elungiselela ukuhlwitha uThingo. Kepha uNomadlakadlaka wema phakathikomngane wakhe noNohele.



UNomadlakadlaka waphephezelisa amaphiko akhe, wanikina nezimpaphe zakhe ezimadlakadlaka. Wabheka uNohele ezinhlamvini zamehlo. “Uyigwala! Kungani wesabise amachwane angeke akwazi ukuzilwela? Thatha mina; angikwesabi! Hamba usiyeke!” washo exosha unohele ngamamphiko akhe amancane.

UNohele akazange akholwe izindlebe zakhe. Waphapha masinyane, ethukile ngoba akuzange kube nechwane elake lamelana naye ngaloluhlobo.





Amanye amachwane ayebukela konke lokhu eqashile futhi ethukile, kepha ejabulile ngesibindi sikaNomadlakadlaka. Ayengathembi indlela afake ngayo impilo yakhe enkingeni wasindisa umngane wakhe.

"Ngiyabonga ukungisindisa kuNohele mngane wami," kusho uThingo.

"Abangane benza njalo!" Kusho uNomadlakadlaka emamatheka.

"Kungani wena ungamesabi kuNohele?" kubuza uThingo.



"Ngicabanga ukuthi izimpaphezami ezimadlakadlaka zinemilingo!" Abangane ababili bahleka.

UNomadlakadlaka wayejabulile ukuthi wehlukile kunabanye.

Ngosuku olulandelayo, onke amachwane eza kuNomadlakadlaka noThingo, eholwa nguMhloshana, umholi wawo.

“Ngicela ukuba ngumngane wenu nami,” kucela uMhloshana.



UThingo wabheka uNomadlakadlaka, owamamatheka wathi, “Yebo! Ungaba ngumngane wethu.”

“Ngiyaxolisa ngazo zonke izinto ezikhohlakele nezingamanga esizishilo ngawe,” kusho uMhloshana.

UNomadlakadlaka wavuma ngekhanda.

Kusukela ngalelo langa, onke amachwane ayedlala ndawonye.

UNomadlakadlaka wabafundisa ukuphephezelisa amaphiko abo banyakazise izimpapheukuze bazivikele kuNohele.



UNohele akazange asabahlupha futhi ...
mhlawumbe waya kwamanye amapulazi.



UNomadlakadlaka wangasabi nesizungu. Amanye amachwane ayeka ukumbiza ngamagama, aqala ukumbiza ngoNomadlakadlaka onesibindi!

Ulwazi Lwethu
Readers

## Izinga 1-2

- Isomiso
- UNunu noBobo
- Amawele asizayo
- Lingandiza?
- Vala, vula, veza!
- Imbongolo kaGumbi
- Inyoka esibayeni!
- UMbali ukhumbule ubaba
- UMbimbi nesicabucabu
- UNdumi ufuna ukupenda
- UBongi umatasatasa!
- Basepulazini
- Bukela kimina, Phephe
- UShaka umangele!
- UMenzi nokuhlanzeka!
- Umlilo!
- Bahlala bebobabili!
- Umshado wezinkawu
- UShonaphi ulimele
- Asongeni amanzi
- UFumani nembuzi
- Isobho lemifino
- Isihluthu
- Abangani kunoma yisiphi isimo sezulu!
- Ubuchule bukaSidlodlo

## Izinga 3

- Ijazi eliguqukile
- Angiyithandi imifino!
- UNtando ojabulile!
- Uthingo lwenkosazane lukaThando
- Ingubo kaShila
- Uthando lwamawele
- Izicathulo zikaThobile ezintsha
- Basiza umkhulu ukuze alulame
- UNtombi ubamba isigebengu!
- Isifo sezingulube
- Umlimi uNceku nezinkawu
- Ukufunda ngamaxoxo
- Isifiso sikaNhlawulo siyafezeka
- Amanzi! Amanzi!
- Isihlahla eselaphayo
- UMoli neziqhumane
- Amaqanda kaDwiki alahlekile
- Isimangaliso sembewu
- UMabonwa uyasazi isikhathi
- Soweto
- Icebo elihle likaMandla
- Izipho
- Isibhelane sikaKulani
- UFani noSiba
- Umdlali ovelele
- Ibhola elilahlekile
- Indandatho yegolide
- UMondli uphethwe yisisu
- Ukunambitha ukudla kwesiVenda
- Isiko lwamaVenda
- Sivakashela esiqiwini
- UNomazwi uzigcina ephilile!

## Izinga 4-5

- Izinyosi
- Ujaheni Wenzile?
- Ingwenya enonya
- Izinhlobo zezithuthi
- Ukuziphindisela kwezinkunzi
- UThuthuva uqala kabusha
- Intombazana ehlakaniphile
- Izimpahla zinkulu kimi!
- Abafana abahlakaniphile
- Umdobi wezinhlanzi
- Ubusuku obungalaleki
- Isifo somkhuhlane
- UNomadlakadlaka onesibindi!
- Inkinga engadini kagogo
- Isicathulo esihle
- Iphupho likaSiviwe

Ulwazi Lwethu yiphrojekthi yeZenex Foundation exhaswe ngezimali futhi esungulwe ukuthuthukisa uchungechunge lwezincwadi zokufunda zolimi lwase-Afrika, ezisemazingeni kanye nezokungcebeleka, nezinsiza zokusekela othisha. Le phrojekthi iqondiswe ekufundiseni nasekusekeleni abafundi abaseSigabeni Sabokhewane ukuze bathuthukise ukufunda nokuqonda kwabo ulimi lwasekhaya. Izincwadi zokufunda zisungulwe ngezilimi eziyisishiyagalolunye zase-Afrika ngokubambisana neMolteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, kanye neSaide. Zonke izinsiza zenziwa njenge "Open Education Resources" (OER).

Please visit our website to download the full copy of this reader:
***ulwazilwethu.org.za***

Creative Commons Attribution-NonCommercial-NoDerivatives (CC BY-NC-ND) 4.0 International Licence

Disclaimer: You are free to download and share this work as long as you attribute Zenex Foundation, but you may not change this work in any way or use it commercially.

Ulwazi Lwethu

ISBN: 978-1-77981-069-4